**<u>INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUHLABA ISOYI LOMGWAQO U-P412 KWASHANGE MHLAKA 29 OCTOBER 2013.</u>**

**Mphathi wohlelo;**
**Nkosi yesizwe saseNadi;**
**AmaKhosi ezizwe zakwaVulindlela;**
**AmaLungu esiShayamthetho;**
**UMeya waseMsunduzi;**
**Amakhansela wonke;**
**Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;**
**Ubuholi bonke obukhona ngezigaba ezahlukene;**
**Bese ngithi emphakathini wonke ngiyanibingelela.**

Ukuza kwethu lapha namhlanje kuyingxenye yomkhankaso wethu esiwenzayo njengoba kuyinyanga ka-October, okwavunyelwana ezingeni likazwelonke ukuba inikezelwe ekubeni yinyanga yezokuthutha.

Ngale nyanga yezokuthutha sisuke sigxile kuzo zonke izinto ezithinta ezokuthutha okuhlanganisa ingqalasizinda kanye nezokuphepha emgwaqeni.

Kodwa futhi ngifuna ukucacisa emphakathini walapha ukuthi ngaphandle kokuthi sisenyangeni yezokuthutha, vele njengoMnyango wezokuThutha nanjengoHulumeni waKwaZulu-Natal ngaphansi kukaKhongolose sihlale sinezinhlelo eziningi zokuya kubantu ukuze siphuthumise izidingo.

NjengoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal silokhu siqhubekile nombhidlango wokuqinisekisa ukuthi abantu bayakwazi ukuxhumana esifundazweni sonke futhi bakwazi ukufinyelela ezindaweni abadinga ukuya kuzona.

Yingakho-ke namhlanje sithi sihalalisela abantu balapha KwaShange nayo yonke indawo yaseNadi, njengoba simemezela ngokomthetho ukuqala komsebenzi wokufaka itiyela emgwaqeni u-P412 ongu-6.6 km ubude.

Lokhu kusho ukuthi kusuka ngoNovember wona lo esibheke kuwona nje uyaqala umsebenzi. Sithe-ke kulo nyaka wezimali esikuwona ka-2013/2014 sizofaka imali engu-R15 million bese siqhubeka ngalena emibili ezayo sifake u-R25 million no-R45 million ngokulandelana. Okusho ukuthi usuwonke nje lomsebenzi siwubekele imali engu-R85 million.

Kuyasijabulisa-ke futhi ukuthi ngenkathi iqhubeka le project kuzodaleka namathuba emisebenzi kubantu bendawo.

Sihlale sikuveza nakwezinye izindawo esihamba kuzona ukuthi la mathuba esikhuluma ngawo angawesikhashana futhi nathi sisuke singathanda ukuba abe ngawanomuphela.

Kodwa ngoba asuke eqondaniswe naleyo project eqhubekayo endaweni ngaleso sikhathi, siyaye sibonge ukuthi abantu bakithi basala sebenamakhono abangawasebenzisa uma sebefuna umsebenzi nakwezinye izindawo esikhathini esizayo.

Sihlale sinxusa njalo-ke futhi uma silethe le misebenzi ukuthi abaphethe uhlelo lokuqasha abantu bangalinge bafake indaba yobuqembu bepolitiki lapha. Uma uHulumeni eletha amathuba usuke ewalethela abantu bendawo abawadingayo, hhayi amalungu eqembu elithile.

Isikhathi sobandlululo sadlula kudala ngakho-ke akekho umuntu okumele acindezele omunye ngoba engakholelwa kulokho omunye akholelwa kukona. Esikufunayo ngukubona izindawo zasemakhaya zithuthuka ngesivinini manje.

Ngokuthuthukiswa kwalo mgwaqo ube yitiyela kuzosizakala umphakathi oya emitholampilo nasezikoleni obekumele uhambe ngezinyawo ibanga elide ngenxa yokuthi nabezinto zokuthutha umphakathi baba madolonzima ukusebenza emgwaqeni obulala izimoto zabo.

Okunye okubalulekile ngale migwaqo esiyakhayo emiphakathini yasemakhaya ngukuthi kuphinda kulekelele kakhulu kwezokuphepha emgwaqeni njengoba namaphoyisa ethu omgwaqo esuke esekwazi ukuhlale eqaphile.

Nophiko lwethu lwezokuphepha emgwaqeni lusuke sekulula ukuqhuba imikhankaso yezokuphepha ngokusebenzisana nohlaka lwe-Community Road Safety Council.

Njengoba sibala le ntuthuko-ke namhlanje, akhona namanye ama-project aqhubekayo kule ngxenye yesifundazwe.

Ngalo nyaka wezimali ka-2013/2014 sifake imali engu-R16 million ekwakheni nokugcina imigwaqo isesimweni emiphakathini yalapha eMsunduzi. Kule mali kukhona nebhekele ukuqashwa komama bakaZibambele okuyibona abasigcinela le migwaqo isesimweni.

Uma ngibala nje eminye yale migwaqo kukhona oya eDiphini eNkosini yaKwaMafunze, uMlotshwa Local Road eNkosini yaKwaMpumuza, uMsomi Local Road eNkosini yaKwaNxamalala, uMzongwana Local Road noShoba Local Road khona ngaphansi kweNkosi yaseNadi

Kodwa ngiyafisa futhi ukucacisa ukuthi njengomNyango sesanquma ukuthi imali siyabe ngokwezifunda ukuze sazi ukuthi akekho ozosala ngaphandle ezinhlelweni zethu.

Uma sibheka lapha nje isiFunda saseMgungundlovu sonke uma sekuhlangene nemisebenzi emikhulu esithi ama-capital project sisabele imali engu-R210 million kulo nyaka wezimali ka-2013/2014. Nangozayo futhi sizoyenyusa iye ku-R284 million.

Konke lokhu esikubalayo lapha kusho ukuthi uma ungakaboni mnyakazo endaweni yakho, usuzokwazi ukuthi kusho ukuthi siyogcina sifikile.

Ukuchaza kwethu konke lokhu futhi sikwenza ngoba kubalulekile phela ukuze abantu bakithi bazi ukuthi kungani njengoHulumeni sihlale sibabonga ngokusibekezelela kwabo.

Siyazi ukuthi kuningi esesikwenzile kodwa futhi kusekuningi okusamele sikwenze, yinqobo nje uma sibambisene.

Kungenzeka ukuba intuthuko ayifiki ngesikhathi esisodwa kodwa ngokulokhu sithola leli thuba lokuba kuHulumeni enisinika lona ngevoti lenu, noma kanjani sizogcina siphumelele.

Sihlale sikusho futhi ukuthi nakuba siyisifundazwe esikhulu futhi esinezindawo eziningi ezisasilele emuva ngengqalasizinda, sizozama ukuphuthumisa izidingo kubantu ezingxenyeni zonke zesifundazwe.

Ngakho-ke siyaninxusa ukuba njengomphakathi niqhubeke nibambisane noHulumeni ngezinhlelo zentuthuko ezilethwa kinina.

**Ngiyabonga**